# SENIOR CERTIFICATE EXAMINATION
# *SENIORSERTIFIKAAT-EKSAMEN*

**FEBRUARY / MARCH**
***FEBRUARIE / MAART***

**2007**

## ISIZULU ULIMI LWESIBILI IZINGA ELIPHANSI

Iphepha Lesibili

**SG**

**928-2/2**

ISIZULU ADDITIONAL/SECOND LANG SG: Paper 2

928 2 2 SG

X05

12 pages
*12 bladsye*

COPYRIGHT RESERVED / *KOPIEREG VOORBEHOU*
APPROVED BY UMALUSI / *GOEDGEKEUR DEUR UMALUSI*

**UMNYANGO WEMFUNDO WASEGAUTENG**
**UKUHLOLWA KWEBANGA LESHUMI NAMBILI**

**ISIZULU ULIMI LWESIBILI**
**IZINGA ELIPHANSI**
**(Iphepha Lesibili)**

**ISIKHATHI: 2 Amahora**

**IMIKLOMELO: 80**

**IMIYALO:**

- Leli phepha linezigaba ezinhlanu A, B, C, D noE.
- Phendula noma yimiphi imibuzo emibili. U-A no- B noma C no -D njll.
- Izimpendulo mazinombolwe futhi zihlelwe njengoba kunombolwe kwahlelwa imibuzo.
- Umsebenzi omuhle nohleleke kahle uyaziswa kakhulu.

## ISIGABA A

Funda izinkondlo ezilandelayo bese uphendula imibuzo engezansi. Phendula yonke imibuzo kulesi sigaba.

### UMBUZO 1
### IZINKONDLO

***Imvubelo*** **– A. M. Maphumulo**

**Inkondlo A**

**Nokwethaba**

Bangishaye ngemfe iphindiwe,
Bath' usathe shelele,
Ngethemba, ngama ngalinda.
Ngob' iziyaluyalu zenhliziyo yami
Ziphuphuma olwakho uzwelo,
Uzwel' olungelinganiswe ngaludondolo.

Ngalinda lashon' eNtshonalaga,
Ebelishon' eNtshonalanga laze
Lavel' eMpumalanga
Kazi Nokwethaba wayaphi?
Imithombo yentokozo ebigeleza
Unyelel' olusivivi yagelez' umjoyi.

Ngabal' izindwani kwanhlanga
Zimuka nomoya konke,
Cha! Ngempel' ithemba

Kalibulali, ngoba ngabe
Sengaba mathamb' amhlophe
NgoNokwethaba nje yedwana.

Kawuvalelisanga ngani?
Khubalo lini elakuhungula?
Lowo mkhunkul' uqalekisiwe phakade,
Ngokwehlukanisa izimbali zendalo,
Ezatshalwa nguSomandl' endulo,
Yena ngesinwe wazibethela.

1.1 1.1.1 Kusho ukuthini ukushaywa ngemfe iphindiwe? (1)

1.1.2 Ucabanga ukuthi ngubani lona oshaywe ngemfe iphindiwe? (1)

1.2 1.2.1 Le nkondlo ikhuluma ngani? (2)

1.2.2 Moya muni esiwuthola kule nkondlo? (2)

1.3 Veza umugqa okhombisa ukuthi lo muntu uthathwe ngomuthi. (2)

1.4 Ngokwenkondlo yikuphi okwenza umkhunkuli aqalekiswe ingunaphakade? (2)

1.5 Onjani umuntu osaba mathambo amhlophe? (1)

1.6 Ukwenzenjani ukuthi shelele? (1)

1.7 Khipha lokhu okulandelayo:

1.7.1 Imvumelwano siqalo ebinzeni 1? (1)
1.7.2 Imvumelwano sigcino ebinzeni 1? (1)
1.7.3 Ukuxhumana okuyinxemu ebinzeni 1? (1)

1.8 Imbongi isho ukuthini uma ithi ithemba kalibulali? (2)

1.9 Ilanga liphuma kuphi? (1)

1.10 Nikeza elinye igama lomkhunkuli? (1)

1.11 Ubani otshale izimbali zendalo? (1)
**[20]**

**Inkondlo B**

**Namhlanje**

Ubuklewuklewu okwezinja ziklewula,
Zibanga ithambo elimhlophe seligugudiwe,
Imvove nenyama sekucatshwe kwanyamalala,
Ubumayemaye besililo kumenyezwa kwabesimame.

Igazi ligobhoza kuhle kwemifula,
Igazi lowakwenu linukis' okomzondo,
Inzondo negqubu amakhosi ezinhliziyo,
Owakwenu useyinyamazane kuwena.

Omnyama ubhokoda omnyama,
Isisusa sodungunyane siyimpicabadala,
Sikhombana amabala nezici,
Izici eziyisizukulwane sobandlululo.

Izidalwa zikaMdali zidukile,
Indlela yeqiniso izidukele,
Zidele uthando zaqoma inzondo
Inzondo eyisizalo somona negqubu.

1.12 Le nkondlo ikhuluma ngani? (3)

1.13 Bhala ifuzamsindo ebinzeni 1. (2)

1.14 Khipha izifaniso ezimbili ezisebinzeni 2. (2)

1.15 1.15.1 Nhloboni yokuxhumana ebinzeni lesibili? Tomula isibonelo esisodwa. (2)

1.15.2 Khipha ukuxhumana okutholakala ebinzeni 3. Kugagule unikeze nesibonelo. (2)

1.16 Yini umphumela wenzondo? (1)

1.17 1.17.1 Khetha impendulo eyodwa kulezi ezikubakaki. Impicabadala (yimfihlo yabadala, yinto engaqondalakali). (1)

1.17.2 Tomula igama elisho okufanayo naleli 'ugwaza' ebinzeni lesithathu. (1)

1.18 Bhala imvumelwano sigcino ebinzeni 4. (1)

1.19 Ngokuzwa kwakho inkondlo yini edelwa yilaba bantu? (1)

1.20 Kuchazani lokhu: '**ithambo eligugudiwe**?' (2)

1.21 Phawula ngezindima nemigqa yale nkondlo engenhla? (2)
**[20]**

**IMIKLOMELO YESIGABA A: [40]**

**NOMA**

## ISIGABA B

Funda iziqeshana ezilandelayo bese uphendula imibuzo elandelayo. Phendula yonke imibuzo kulesi sigaba.

## UMBUZO 2
## UMDLALO

***Ngiwafunge AmaBomvu* – L. Molefe**

**Isiqeshana A**

| | |
|---|---|
| THULILE: | (*Ebamba amehlo nezandla ehlala phansi phakathi nendlela.*) Hha ... wu!Webakithi, wacishe wasenza udadewethu! |
| NOKUFIKA: | (*Ephelelwa ngamandla naye.*) Uthe khona uma ebubula uThulisile ethi ucela ukukhipha amaqiniso angaziwa esigodlweni, ngashwabana! Cishe safa namuhla. Kodwa sisinde kanjani? |
| KHONZENI: | Uyashesha ukusho ukuthi sisindile. Yikhona ingozi imi phezu kweso ngenkani-ke manje. Inkosi isisesimeni sokulithola noma kanjani iqiniso manje. |
| THULILE: | Uqinisile uKhonzeni, izobona inkosi ukuthi akakwazi ukukhululeka kabuhlungu kangaka uThulisile uma kungekho mkhuba okhona. |
| NOKUFIKA: | Aseqeni sonke simshiye uThulisile, uzozibonela ngoba unenkani. |
| THULILE: | Kahleni,ngomntakamama! Asale futhi? Kodwa bakithi, ayikho enye into esingayenza.<br><br>*(Kutheleke uZaba kubo ngejubane.)* |

2.1 Ubani lo abazomhleba esigangeni? (1)

2.2 Yimaphi amaqiniso ayefunwa ukukhishwa uThulisile? (2)

2.3 Phendula ngo-Yebo noma ngo-Cha

2.3.1 Izimpelesi zeqa zonke kanye noThulisile.
2.3.2 UZaba wayenothando lweqiniso.
2.3.3 UThulisile wayenenkani futhi engayihloniphi inkosi.
2.3.4 Isoka lika Thulile uMzinto.
2.3.5 UNokufika impelesi kaThulisile. (5)

2.4 UThulisile sengathi kwakufanele aqhubeke nokuthandana noZaba. Uthini wena? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu amane. (5)

2.5 Khetha impendulo efanele:

2.5.1 Elokubamba amehlo ngezandla lisho:

A. ukubabaza.
B. ukumangala.
C. ukukhala.

2.5.2 UMzwezwe waye...

A. inyanga yenkosi
B. yinhloli yenkosi
C. yibutho lenkosi

5.2.3 UZaba wayeyi...

A. nceku yenkosi
B. nhloli yenkosi
C. nduna yenkosi 1x3=(3)

2.6 Mkhuba muni owawusukhona owenza uThulisile akhululeke kanzima kangaka? (2)

2.7 Ubani igama lengane kaThulisile, kungani yanikwa leli gama? (2)
**[20]**

**Isiqeshana B**

| | |
|---|---|
| MGIDI: | Khuluma Mzwezwe, ngingamadoda amahlanu ngingedwa mina. |
| MZWEZWE: | Angazi noma sengibhobosa ithumba enhlabathini engafanele yini. |
| MGIDI: | Uzohlawula ngempela Mzwezwe! Akuthenyelezwa uma sekunje emzini kababa! |
| MZWEZWE: | Ndabezitha, ngiyaphoqeleka ukuthi ngiyeneke le nto nakuba ithatha undlunkulu imfaka ehlathini likamevana. |
| MGIDI: | Uma nje kuliqiniso, kuphelile Mzwezwe. |
| MZWEZWE: | Ndabezitha uZomndeni nxa ebheke emnyango kanjeya, umgogodla wesikhukhukazi sevuthuku ushingile kanjeya, ikhona indaba kwabasanda kungena emndenini. |
| MGIDI: | Ndaba yini leyo Mzwezwe? Zingangoboya obusesikhumbeni senkomo izindaba esingazicabanga uma ugcina lapho. Yinsumansumani? |
| MZWEZWE: | Ndabezitha!<br>(*UMsanka wayeseqhumise amehlo kungathi akasezwa nokuthi kuthiwani.*) |

2.8 Uthenyeleziswa yini uMzwezwe? (2)

2.9 Obani laba oZomndeni okukhulunywa ngabo? (2)

2.10 Uchaza ukuthini uMgidi uma ethi ungamadoda amahlanu eyedwa? (2)

2.11 Ukufaka umuntu ehlathini likamevana kusho ukumfaka enkingeni. Kulesi siqephu ifaka kanjani ehlathini likamevana uNdlunkulu into ezoshiwo uMzwezwe? Bhala amaphuzu amabili. (2)

2.12 Khetha impendulo eyodwa kulezi ezisezibiyelweni:
Uma kuthiwa izindaba zingangoboya obusesikhumbeni senkomo kusho ukuthi (izindaba ziningi kakhulu angazicabanga, izindaba ziningi ezijabulisayo komkhulu) (1)

2.13 Ubani uMsanka? Yini eyenza aqhumise amehlo kungathi akasezwa? (2)

2.14 Phendula ngo-Yebo noma ngo-Cha, bese usekela impendulo yakho.

2.14.1 Ingane yomfana etholwe uThulisile iyona ndlalifa yamaBomvu. (2)
2.14.2 UMgidi ubonakale engumuntu othanda iqiniso. (2)
2.14.3 Ubaba wenkosi uMgidi uQuqudithambo. (2)

2.15 UZaba uzalwa obani? (2)

2.16 Ngobani abasanda kungena emndenini? (1)
**[20]**

**IMIKLOMELO YESIGABA B: [40]**

**NOMA**

## ISIGABA C

Funda iziqeshana ezilandelayo bese uphendula imibuzo elandelayo. Phendula yonke imibuzo kulesi sigaba.

### UMBUZO 3
### INOVELI

***Isigcawu Senkantolo* – M. M. Masondo**

**Isiqeshana A**

> Aledlulisele kummeli ithini umseshi. Alithathe ummeli akhiphe incwadi eyabe ikulo, acime inkulungwane namakhulu amahlanu, abhale izinkulungwane ezintathu. Avule isikhwama sakhe ummeli, akhiphe enye inkulungwane namakhulu amahlanu maqede afake yonke leyo mali ethinini bese eyiphindisela kuThemba. Kwenzeka konke lokhu nje, wayesethe hulukuqu ngasezitolo uThokozile.

3.1 Incwadi iya kubani? Ibuya kubani? (2)

3.2 Incwadi yani? (1)

3.3 Yayithini incwadi kuKubheka okwenza asukume ayobona ummeli? Chaza. (4)

3.4 Ubani uThandi? (1)

3.5 Malini eyayifunwa kuDuduzile? (2)

3.6 Kwakufanele ayiphindisele kuphi (indawo) uKubheka incwadi? (1)

3.7 Malini eyafunwa ummeli kuKubheka? (1)

3.8 Ukwenzenjani ukweba umuntu ngamehlo? (2)

3.9 Ubani isithakazelo sikaKubheka? (2)

3.10 Wazithola kanjani izimali zikaZikode uKubheka? Chaza. (2)

3.11 Kungani kwafakwa imali ephindwe kabili ethinini elibomvu? (2)
**[20]**

**Isiqeshana B**

> Ebufakazini obedlule, lo fakazi ophambi kwami ukubeke ngokusobala ukuthi babe bambisene NoMhlobo kulobu bugebengu. Ushilo futhi phambi kwale nkantolo ukuthi babengasathembani ngoba babekhwabaniselana noma bephambaniselana. Ummangalelwa wahamba washiya umufi esikebheni esayolanda imali. Kungaso leso sikhathi umufi aboshwa ngaso ngentambo. Ekubuyeni kukammangalelwa wathola sekukhona umuntu angamazi, kwase kusuka impi.
>
> Emva kokudubula wabaleka ummangalelwa ngoba ecabanga ukuthi ubulele umuntu. Sawela esikebheni isibhamu kodwa sangangena emanzini njengoba ecabanga. Wayesesithatha umbulali ebulala ngaso umufi ngoba azi ukuthi ophenyweni kwabomthetho bayothola ukuthi ngesikabani isibhamu esabulala.

3.12 Ubani igama nesibongo salo fakazi okukhulunywa ngaye? (2)

3.13 Bugebengu buni ayebambisene nabo noMhlobo? (2)

3.14 Shono igama nesibongo somnikazi wesibhamu okwabulawa ngaso umufi? (2)

3.15 Isibhamu siwuhlobo lwe (38 revolver / AK 47 / 9mm) khetha okuyikhona. (1)

3.16 Yini eyasusa impi phakathi kukaMhlobo nalo fakazi? Shono okune. (4)

3.17 Ummangalelwa wamshiya kuphi umufi? Wayesayephi ngaleso sikhashana? (2)

3.18 Ngubani ummangalelwa kuleli cala? Wenzeni? (4)

3.19 Watholakala kanjani umbulali kaMhlobo? (2)

3.20 Ubani owayesiza uNgubane ngophenyo lwaleli cala? (1)
**[20]**

**IMIKLOMELO YESIGABA C: [40]**

**Pheqa ikhasi**

## ISIGABA D

Phendula yonke imibuzo kulesi sigaba.

### UMBUZO 4
### UBUCIKO BOMLOMO

***Inkosi Yinkosi Ngabantu* – C.T. Msimang**

4.1 Buyini ubuciko bomlomo? (2)

4.2 Khetha impendulo eqondile ku-B uyiqondanise no-A kanje 4.2.2 B

| KHOLOMU A | | KHOLOMU B | |
|---|---|---|---|
| 4.2.1 | Igama likakhokho othile ohlotsheni lolo. | A. | Insumo / Izinsumansumane. |
| 4.2.2 | Abalingiswa yizilwane kuphela | B. | Umzekeliso. |
| 4.2.3 | Yisosha sokuzithokozisa nokuqeda isizungu. | C. | Isithakazelo. |
| 4.2.4 | Wuhlobo lwenganekwane oluthinta umlando. | D. | Umlolozelo. |
| 4.2.5 | Yinkondlo emfishanyana yokuthunduzela umntwana. | E. | Isilandelo. |

1x5=(5)

4.3 Yini inganekwane? (2)

4.4 Phendula uthi kuliqiniso noma akulona iqiniso

4.4.1 Ubuciko bomlomo abubalulekile kusizukulwane samanje.

4.4.2 Izibongo yinkondlo yokutusa.

4.4.3 Imilolozelo ivama ukuhanywa ngunina wengane noma umzanyana.

4.4.4 Izithakazelo zisetshenziswa izinsizwa empini.

4.4.5 Inganeko uhlobo oluthinta uMvelingqangi nabantu bakhe. 1x5=(5)

4.5 Lapho kuxoxwa inganekwane umxoxi uyaye aqale ngokuthi

4.5.1 ______________ (1) (Qedela)
Kanti abalaleli bona baphendula bathi (Qedela) 4.5.2 ______________ (1)
Lapho seyiphetha inganekwane yakhe umxoxi athi 4.5.3 ______________ (1)
Abalaleli bona bathi (Qedela) 4.5.4 ______________ (1) 4.5.5 ______________ (1)

4.6 Zazixoxwa nini kakhulu izinganekwane? (1)
**[20]**

**Funda isiqeshana esilandelayo bese uphendula imibuzo engezansi**

> Nyaka mumbe kwaxabana amaBhunu namaZulu. Iningi lakholwa ukuthi uZulu uyokwehlulwa uma kungahle kubheduke impi. Nebala ithe ingabambana ngezihluthu, abantu banikela emizini yakwaZulu sebeyophanga izinkomo. Kwathi besaphuma nje, bezwa igwababa limemeza. Kube yinsambatheka lena. Phela abanye bayasinga bathi bazobona lo muntu okhulumayo ngoba abakholwa nje ukuthi ngempela ngabe kukhuluma igwababa. Kanti empeleni yilo kanye ihubhulu. Futhi lisho kahle nje lithi: "Uyaphi weMpeza? Uyaphi weMpeza? ungayi kuleyo ndlela yakho. Uzokufa! Akuyubuya muntu kule mpi. Phindela ekhaya!"
>
> Wonke umuntu walizwa kahle manje igwababa. Nomlayezo walo futhi ucacile. Pho kuzokwenziwanjani? Izinhliziyo zabaningi azikho kuleli gwababa, bona sebebuka le mpango engahle ibaphethele ngenxa yehubhulu nje!

4.7 Sithini isihloko sale nganekwane? (1)

4.8 Hlobo luni lwenganekwane lolu? (1)

4.9 Yisho izinto ezintathu okuvame ukuxoxwa ngazo kulolu hlobo. (3)

4.10 Laba abanikela emizini yabantu bakwaZulu babeyokwenzani? (2)

4.11 Yikuphi okwenza lolu hlobo lwenganekwane lungakholakali? Sekela impendulo yakho. (3)

4.12 Nikeza ezinye izinhlobo ezintathu zezinganekwane ozaziyo. (3)

4.13 Ngubani owasinda kule mpi? (1)

4.14 Yaphela kanjani le nganekwane? Nikeza amaphuzu amane. (4)

4.15 Ukwenzenjani ukubambana ngezihluthu? (2)
**[20]**

**IMIKLOMELO YESIGABA D: [40]**

## ISIGABA E

Phendula yonke imibuzo kulesi sigaba.

### UMBUZO 5

***Umlabalaba* – O. E. H Nxumalo**

**Funda isiqeshana esilandelayo bese uphendula imibuzo engezansi**

**Isiqeshana A**

> Ziqathake izinyembezi. Ngisukume. Ngiqonde etafuleni. Ngelule isandla. Ngiwucishe umsakazo. Ngizesule ngomkhono weyembe izinyembezi. Kangisenandaba noma angazibona uNomkhosi. Uma ebuza ukuthi ngikhalelani, ngeke ngingabaze ukumtshela iqiniso. Kufuze ukuthi usezibonele kodwa naye ukuthi sekufike esiphethweni.
>
> "Uyazi uyangixaka namuhla Ndumiso. Uyangixaka impela," asho angigqolozele uNomkhosi. ngithule. Ngibheke phansi. "Kawusho Ndumiso, yini ngempela? Kukhulu okukudlayo kodwa kawufuni ukungitshela. Angazi ukuthi usuqale nini ukungangitsheli uma kukhona okungakuphethe kahle. Selokhu ngifikile nje, kawukhombisi nokuncane ukwesasa lokhu. Ngeke uze usho ukuthi uhleli nomuntu omthandayo, okuthandayo."

5.1 Yini ekhalisa uNdumiso kangaka? (2)

5.2 Ubani umlingiswa oqavile kule ndaba? (1)

5.3 Yini inkinga yalo mlingiswa? (2)

5.4 Wukwenzenjani ukugqolozela? (1)

5.5 Sekuphele isikhathi esingakanani uNdumiso noThembisile bengabonani? (2)

5.6 Ngokwesiqephu ukwesasa kuchazani? (2)

5.7 Kungani uNdumiso acishe umsakazo? (2)

5.8 Sifundo sini esitholakala kule ndatshana? (1)

5.9 Le ndaba inesiphetho esingalindelekile, yesekela lo mbono. (2)

Phendula ngo-**Yebo** noma-**Cha**

5.10 UThembisile ukhala esikaNandi ngoNdumiso.

5.11 UNomkhosi wagcina emshiyile uNdumiso.

5.12 UNdumiso wezwa ngoNtombi ukuthi uThembisile uzoshada maduze.

5.13 UNdumiso noThembisile baqala ukuba abangani besese sikoleni kwaze kwaba yile nkathi befundela ubuthishela ekolishi lobuthishela.

5.14 UNomkhosi ubemthanda uNdumiso? 1x5=(5)

**Isiqeshana B**

"Phuma lapha!" nguNgema.

Aphume uBongani. Amehlo asecwebe izinyembezi. Azibone izindonga zethemba lakhe zibihlika, zitsheke zize zidilike. Khona ubevele azi ukuthi lesi sinyathelo asithandayo sizoshayisana nenkambiso yalapha ekhaya. Kodwa manje ngoba uthando alunamngcele? Yebo, khona kuyiqiniso ukuthi ukhuliswe ngemfundiso yokuthi bona njengoba bengamakholwa nje abasadlelani nabantu abangakholwa, ayisaphathwa-ke eyokuganiselana. Naye ukhule eziqhenya kabi, engaxoxaxoxi nje"namaqaba" lana angakubo. Ingqondo yakhe isithi ukuguquguquka ngenkathi eseseYunivesithi lena enhla nezwe. Yilapha eseqala khona manje ukubona ubuhle bemvunulo nemigido yakubo. Useze abathanda impela nje abantu abazibhincelayo ngoba phela yibona abayenza igxile kuye le ndaba yokuthungatha amasiko akubo.

5.15 Ingabe yini ehlupha uBongani? (2)

5.16 Shono indlela uBongani akhuliswe ngayo. (2)

5.17 Kusho ukuthini ukuthi **uthando alunamngcele**? (2)

5.18 Yini eseyenza uBongani axoxisane namaqaba? Waqala kuphi? (2)

5.19 Ubani igama nesibongo sentombi kaBongani? (2)

5.20 Ngokwale ndatshana yikuphi aye akubuze uyise uma ebika ukuthi usefuna ukugana? (2)

5.21 Uthini umlayezo wale ndaba? (2)

5.22 Umuntu onjani iqaba ngokwale ndaba? (2)

5.23 Wobani abazali baka Bongani? (2)

5.24 Ekugcineni kwale ndaba kwenzeke ebesingakulindele, yikuphi? (2)
**[20]**

**IMIKLOMELO YESIGABA E: [40]**

**IMIKLOMELO ISIYONKE: 80**

**ISIPHETHO**